

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

INOMBOLO	UMBUZO	IMPENDULO
IZINDABA ZAKUDALA MAQONDANA NO-SEI1 (2007 – 2018)		
1	Kwakungobani oStratcorp Limited, futhi kwenzakalani kubona?	<p>U-Stratcorp Limited kwakungumhlinzeki wezinsizakalo zezezimali owayehlizeka izinhlobonhlobo zamathuluzi otshalomali kanye nemali yemisebenzinhloso ekwakhiweni kokuzoqhube izinhloso ezikhethekile (ama-SPV) kwezotshalomali. Ama-SPV ayexhaswa ngemali ngokubhaliswa kwamasheya ngabatshalimali, ngokuvamile labo batshalimali ababebambe iqhaza ezinhlelweni ezihlukahlukene zakwa-Stratcorp. U-SEI1 wasungulwa ngenxa yalawo mamodeli ngo-2007.</p> <p>Izinkampani ezazingaphansi kwaStratcorp zazifaka kuzo u-StratEquity (u-Virtus Financial Services) kanye no-ICI Marketing (Pty) Ltd (u-ICI), inkampani yokukhangisa yakwa-StratEquity (u-Virtus Financial Services). Yagcina iqanjwe ngokuthi ngu-Wealthnet.</p> <p>Izinkampani eziningi ezazingaphansi kwaStratcorp sezavalwa noma sezaphathwa ngezinye izinkampani</p>
	Buyini ubudlelwano obukhona phakathi kwa-Virtus Financial Services (u-Virtus) no-SEI1?	<p>Buyini ubudlelwano phakathi kuka-SEI1 noVirtus njengamanje? Ngokomlando, u-SEI1 noVirtus babenesivumelwano sokuthi u-Virtus aphahe uhlelo lotshalomali luka-SEI1 nobudlelwano nabatshalimali futhi asebenze njengonobhala bokudlulisa bakwa-SEI1. Lesi sivumelwano sokuphatha sahoxiswa ngo-2014, futhi akuzange kuphinde kube nesivumelwano phakathi kwalezi zinkampani ezimbili kusukela ngaleso sikhathi.</p> <p>Ilayisense yakwa-Virtus yeFSCA yamiswa ngonyaka ka-2016 kanti le nkampani ibilokhu iphethwe ngezinye izinkampani kusukela ngaleso sikhathi. <i>(Bheka uhlu lokuxhunywana nabo lwabalondolozisi bakwa-Virtus).</i></p>
3	Buyini ubudlelwano obukhona phakathi kwa-SEI1 no-ICI kanye no-Stratcorp?	<p>Abukho ubudlelwano bebhizinisi obukhona phakathi kwa-SEI1, u-Stratcorp kanye no-ICI (u-Wealthnet). Okufanayo ngokuthi kunabanikazi bamasheya akwa-SEI1 ababhalisele imikhiqizo ehlinzekwa yilezi zinkampani kuphela. Nokho, abukho ubudlelwano bebhizinisi noma obunye.</p> <p>Bheka uhlu lokuxhunywana nabo ukuze uthole imininingwane yokuxhumana yakwa-ICI (u-Wealthnet).</p>
4	Ngabe zikhona ezinye izinkampani ezixhumene no-SEI1?	<p>Abakwa-SEI1 nabakwa-SEI2 bebesebenzisana ngenxa yesimo abahlanganyela ngaso. Kuze kube ngu-Ephreli 2018, lezi zinkampani zombili beziphethwe ngokuhlanganyelwa futhi zinebhodi nethimba labaphathi okufanayo. Kodwa-ke, isinqumo sabanimasheya akwa-SEI2 eMhlanganweni Jikelele Wonyaka (i-AGM) sadala ukuhlukana kwalezi zihlangano ezimbili ngo-2018. Ngemva kwalokho, lawa mabhizinisi wobabili aphaathwa ngokuzimele ngamathimba apethe ahlukene kanye namabhodi ahlukene.</p>

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

5	Ngabe u-SEI1 ushintshe igama?	Yebo, i-Selective Empowerment Investments 1 Limited ngaphambilini yayaziwa ngokuthi yi-StrateEquity Empowerment Investments 1 Limited.
6	Ubani ophethe imikhiqizo yomshwalense yakwa-Wealthnet/yakwaVirtus	Kuyinto eyaziwayo ukuthi u-Wealthnet wadlulisela omunye noma ingxenywe yomkhiqizo wakhe yomshwalense enkampanini entsha eyaziwa ngokuthi yi-My Strategic Portfolio Solutions. Ngakho-ke, uma ubunamapholisi ahlobene nomshwalense anjengokuzikhava ukuze kukhokhwe imali mhlazane ufa, kanye nomasingcwabisane no-Wealthnet/no-Virtus, sicela uthinte i-My Strategic Portfolio Solutions kule mininingwane: <ul style="list-style-type: none"> ▪ Ucingo: 012 001 6343 ▪ Umbanimbiko: info@mysps.co.za
7	Kwenzakalani ngamanye amasheya ami akwamanye ama-SPV asungulwa ngu-Stratcorp Limited?	Izinkampani eziningi ezazingaphansi kwaStratcorp sezavalwa noma sezaphathwa ngezinye izinkampani. Abathintekayo kuzomele baxhumane nabalondolozisi bala mabhezini ngokwemininingwane etholakala kalula.
8	Kungani ngisadonselwa imali nyanga zonke ku-akhawunti yami yasebhange mayelana nemikhiqizo yomshwalense?	U-SEI1 akahlinzeki imikhiqizo ehlobene nomshwalense futhi akadonsi imali kuma-akhawunti abaninimasheya asebhange. Sicela uthinte u-Wealthnet/u-Virtus ngemininingwane yokuxhumana enikeziwe ukuze ubuze ngemali edonswayo.
9	Ngabe zikhona izabelo zakwa-SEI1 ezake zadlalulwa ngaphambilini?	Ngaphambilini, u-SEI1 akakwazanga ukudalula izabelo ngenxa yochungechunge lwezindaba zokungathotshelwa kwemithetho ngaphakathi ebhizinisini, ikakhulukazi. Kodwa-ke, ngonyaka wezimali wango- 2019/2020 u-SEI1 wadalula isabelo sokuqala kubaninimasheya bakhe. Ezinye zalezi zabelo azikaze zilandwe ngabaninimasheya.
10	Imithetho ka-SEI1 ayithotshelwanga isikhathi esingakanani?	2014 – 2018
11	Izindaba zokungathotshelwa komthetho zazihlobene nani?	<p>Ukungathotshelwa komthetho ngesikhathi okukhulunywa ngaso kwakuhlobene nalokhu okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> ▪ Ukungalethwa kwezitatimende zezimali zonyaka njengoba kunqunywe nguMthetho Wezinkampani ▪ Ukwehluleka ukubamba uMhlangano Jikelele Wonyaka (i-AGM) njengoba kwakunqunywe uMthetho Wezinkampani ▪ Ukungakwazi ukugcina ngendlela ibhuku eliqophe amasheya ebukeyiwe ▪ Ibhodi elaliphambana nomthetho <p>Ukungathotshelwa komthetho okubalulwe ngenhla kwagcina kuholele emacaleni amabili avulwa yi-CIPC kulokhu okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> ▪ Ubuhlongandlebe boMqondisi ngesikhathi sokungathotshelwa komthetho kusukela ngo-2014 – 2018 ▪ Ukuvalwa kwa-SEI1 ngenxa yokungathotshelwa komthetho kusukela kudala

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

		Womabili amacala asaqhubeka.
12	Ngabe izindaba zokungathotshelwa komthetho kusukela kudala sezaxazululeka?	Yebo, izindaba zokungathotshelwa komthetho zixazululwe yibhodi lamanje, amalungu alo aqokwa ngoNovemba 2017 futhi asakhona kwibhodi labaqondisi lamanje.
13	Abanimasheya abathintekayo bangaxhumana nobani maqondana nokubhalisela amasheya akwa-Virtus, kwa-SEI1 kanye namasheya ahlobene nenkampani anga-2014?	Abanimasheya abathintekayo bangaxhumana nabalondolozisi bakwa-Virtus, abakwa-WJRV Law kule mininingwane elandelayo: <ul style="list-style-type: none"> ▪ Ucingo: 087 015 0237 ▪ Umbanimbiko: virtus@wjvrlaw.co.za
INDLELA YOKUSEBENZA YAKWA-SEI1 (2019 - USUKU)		
14	Injani indlela yebhizinisi yakwa-SEI1?	U-SEI1 yinkampani ephethe utshalomali ozinjongo zayo ezinqala zebhizinisi kungukutshalwa kwezimali ngokwamanani amasheya nokuyizikweletu ezimile ukuze kube nenzuzo (ukunyuka ngendlela kwemali okubalwa njengenye imali engenayo) kanye nembuyiselo ngendlela yezabelo nenzalo (ebhekwa njengesamba esiphelele semali engenayo). Ibhizinisi linezindleko zokusebenza ezidonswa kwimbuyiselo engenile nokuyilapho imali etholakele isiyonke ingadalulwa njengesabelo kubanimasheya kuncike ezidingweni zokunotha nokuvuma kwezimali zoMthetho Wezinkampani.

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

		<p>Inani labanimasheya lilele ekunyukeni kwemali yenani lentengo kanye nezabelo ezidaluliwe. Inani lentengo linqunywa ngokuthatha iSamba Senani Lempahla yebhizinisi sihlukaniswe ngenani lamasheya akhishiwe. Inhlalo yethimba labaphathi ukuqinisekisa isisekelo esikhulayo sempahla kanye nezimali ezitholakalayo zabanimasheya ngokuvumelana nezimiso zezinga elihle kakhulu zotshalomali kanye noMthetho Wezinkampani.</p>
15.	Siyini isifinyezo sokusebenza ngendlela kweqoqo lemisebenzi kanti lokhu ngingakutholaphi?	Lesi yisifinyezo esiveza okubalulekile kweqoqo lemikhiqizo yotshalomali kanye nokusebenza kwayo okuhlobene nakho. Isifinyezo seqoqo lemikhiqizo sifakiwe ezincwadini zezindaba zekwata ezinikezwa bonke ababambiqhaza futhi sihlinzeka imininingwane ecacile maqondana nokuthi iqoqo lemikhiqizo lisebenze kanjani. Umbiko onemininingwane yokusebenza kweqoqo lemikhiqizo ufakiwe embikweni wonyaka otholakala ku- www.seinvest.co.za/shareholders
16.	Zizokhokwa nini izabelo futhi kungani zingakaze zikhokhwe?	Isabelo ngokusatshalaliswa kwengxenywe yenzuzo yenkampani, enqunywa yibhodi labaqondisi, esigabeni sabanimasheya bayo ngokuvumelana neZidingo Zokunotha Nokuvuma Kwezimali ZoMthetho Wezinkampani. Njengamanje, ibhodi lihlola ukusebenza ngendlela kwenkampani kanye nezidingo zoMthetho Wezinkampani ukuze linqume ukuthi izabelo zingakhokhwa na. Uma kwenzeka kudalulwa izabelo, lokhu kuzokwaziswa kubo bonke abanimasheya.

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

		Ngokomlando, izabelo azikhokhwanga ngenxa yezindaba zokungathotshelwa komthetho nokungahlangabezani nezidingo zokunotha nokuvuma kwezimali zoMthetho Wezinkampani. Kodwa-ke, u-SE11 udalule isabelo sokuqala ngonyaka wezimali wango-2019/2020. Ezinye zalezi zabelo azilandwanga ngabaninimasheya.
17	Yini eyenziwa ngu-SE11 ukubhekana nezinsalelo zomlando zokwehla kwenani lezabelo kusukela ekuqaleni, ukuhwebelana ngamasheya kanye nokungabi khona kwezabelo?	<p>U-SE11 usebenzise isu lotshalomali elingafakwanga ohlwini lokuhwebelana olwenza ukuba kutholakale impahla efaka imali ukuthuthukisa inani lamasheya enkampani nokuqinisekisa ukuthi inani lentengo lesheya lakwa-SE11 liyaheha ngenxa yempahla ebekiwe ukuqinisekisa ukuhwebeka.</p> <p>Ngokutholakala kwempahla efaka imali kanye nokwehliswa kwezindleko, kulindeleke ukuthi ibhizinisi likwazi ukudalula izabelo esikhathini esimaphakathi kuya kweside ngokuhambisanayo neZidingo Zokunotha Nokuvuma Kwezimali ZoMthetho Wezinkampani.</p>
IMIBUZO MAQONDANA NOKUHWEBELANA NGAMASHEYA NOKUPHATHWA KOMSEBENZI NGOKUJWAYELEKILE		
18	Iyini inkundla yokuhweba?	Inkundla yokuhweba iwuhlelo oluvumela abatshalimali nabadayisi ukuba bahwebe futhi babheke amakhawunti. Ezikhathini eziningi, izinkundla zokuhweba zihlanganisa ukuhlaziywa kwezimakethe lapho abahwebi nabatshalimali bengakwazi ukudweba amashadi aveza ukuqhuba kwezimakethe baqaphele nokuthi kwenzakalani empahleni egciniwe. Bheka ku- https://www.otcexpress.co.za/shareview.aspx?sharecode=SE11 ukuze ubone ukuthi kwenzakalani emananini entengo akwa-SE11.
19	Yini amasheya? Yimiphi imihlomulo kanye nokubi ngokuba namasheya?	<p>Amasheya amayunithi obunikazi enkampanini.</p> <p><i>Imihlomulo ngokuba namasheya:</i></p> <ul style="list-style-type: none"> ▪ Isibopho esiyisilinganiso esithile enanini elitshaliwe ▪ Amathuba ezinzuzo ezinkulu kanye nezabelo ▪ Amalungelo okuvota <p><i>Okubi ngokuba namasheya:</i></p> <ul style="list-style-type: none"> ▪ Izabelo azilungiswa noma azilawuleki ▪ Izinga lobungcuphe eliphezulu njengoba imbuyiselo ingaqinisekisiwe ▪ Ukuguququka kwentengo ezimakethe ▪ Ukuthola imali eyinsalela ngemva kwabo bonke abakweletwayo kanye nabaninimasheya abancanyelwayo
20	Ngabe amasheya akwa-SE11 ayadayiswa enkundleni yokuhweba?	Yebo, amasheya akwa-SE11 ayadayiswa eNkundleni Ye-OTC Express ephethwe yi-Singular Financial Systems (Pty) Ltd. Noma yibaphi abatshalimali abafisa ukuhwebelana ngamasheya akwa-SE11 kufanele kube ngokuthi bayahambisana nemithetho ye-FICA. Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana nokuhweba amasheya akwa-SE11 sicela uchofoze ilinki elandelayo https://www.otcexpress.co.za/shareview.aspx?sharecode=SE11
21	Liyini inani lamanje lesheya lakwa-SE11?	Inani lentengo yamasheya linqunywa ngokusekelwe eNanini Elifanele lebhizinisi kanye nokuhlinzekwa nokudingeka kwamasheya. Inani lentengo lamasheya linqunywa ekupheleni konyaka ngamunye kuncike emiphumeleni yamabhuku ezimali acwaningiwe.

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

		Inani lentengo lokugcina eliqinisekisiwe lakwa-SEI1 lalingoSeptemba 2021 lapho amasheya akwa-SEI1 ayelinganiselwa ku-R0,79 isheya ngalinye okwakuncike esilinganisweni esenziwa ngabazimele.
22	Ngihlola kanjani ukuthi mangaki amasheya enginawo?	<p>Abaninimasheya akwa-SEI1 bangathintana nabaphathi bohlelo lwezimali, i-Singular Financial Systems (Pty) Ltd emininigwanemi yokuxhumana engezansi ukuze bathole izitatimende zabo. Uma abaninimasheya sebebhalisiwe eNkundleni Ye-OTC Express, bangadawuniloda izitatimende nganoma yisiphi isikhathi ngohlelo olusekelwe kwisizindalwazi. Abaninimasheya akwa-SEI1 bangashayela nesikhungo sezingcingo sakwa-Singular Financial Systems ukuze bathole imininigwane ngamasheya abo nenani bese bebeka izikhangiso zokuthenga nokudayisa amasheya.</p> <ul style="list-style-type: none"> ▪ Umbanimbiko: sei@singularservices.co.za ; ▪ Ucingo: 010 271 3902 ▪ Iposi: PO Box 1266, Bramley, 2018; ▪ Isikhungo okuzingenelwayo kuso: 25 Scott Street, Waverley, Johannesburg, 2090.
23	Ngabe u-SEI1 uyazikhipha izitifiketi zamasheya?	Zonke izitifiketi zamasheya maqondana namasheya e-SEI1 sezayekwa. Abaninimasheya bangathola ukuqinisekiswa kwamashaya akwa-SEI1 kubaphathi bohlelo lwezimali bakwa-Singular Financial Services (Pty) Ltd.
24	Yimiphi imiqingo edingekayo kulowo ongaba ngumtshalimali noma umninimasheya ukuze ahambisane nemithetho ye-FICA?	<ul style="list-style-type: none"> ▪ Ikhophi kamazisi eqinisekisiwe ▪ Ubufakazi be-akhawunti yasebhange (iNcwadi yasebhange) ▪ Ubufakazi bekheli lendawo yokuhlala ▪ Inombolo yokuxhumana/ikheli lombanimbiko
25	Imiphi imiqingo edingekayo uma kubikwa impahla yalowo oshonile?	<ul style="list-style-type: none"> ▪ IKhophi Eqinisekisiwe Yencwadi Yegunya (Incwadi evela enkantolo eqoka umabi/umabikazi wefa) ▪ Ikhophi kaMazisi eqinisekisiwe yelungu elishonile ▪ Ikhophi Eqinisekisiwe Yesitifiketi Sokufa ▪ Ikhophi KaMazisi Eqinisekisiwe Yomhlomuli / umuntu oqokwe yinkantolo yomthetho ▪ Ubufakazi Bekheli Lalapho Kuhlala Khona Umhlomuli
26	Uma umninimasheya efuna ukukhansela ukubhaliselwa/ ukudonselwa imali/ igunya lobulungu, kwenziwa njani?	Abatshalimali bakwa-SEI1 banamasheya adayiswa eNkundleni Ye-OTC Express futhi bangadayisa amasheya abo enkundleni uma bengasafuni ukuba namasheya akwa-SEI1. U-SEI1 akalawuli futhi akaphathi bulungu, akadonsi mali futhi akabhaliseli noma yimiphi imikhiqizo. Noma yimiphi imibuzo ekhona maqondana nemikhiqizo njengemikhiqizo yomshwalense wesikhathi esifushane kufanele iqondiswe kwa-Virtus nasezinkampanini ezihambisana nabo, imininigwane yokuxhumana nazo ihlinzekiwe ohlwini lwemininingwane yokuxhumana.

IMIBUZO EVAME UKUBUZZA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

27	Obani oNobhala Bokudlulisa bakwa-SEI1 futhi ngibathinta kanjani?	Abakwa-Singular Financial Systems (Pty) Ltd +27 (0) 10 271 3902 sei@singularservices.co.za
28	Ngiyishintsha kanjani imininingwane eqondene nami uqobo?	Ungaxhumana nabakwa-Singular Financial Systems (Pty) Ltd +27 (0) 10 271 3902 sei@singularservices.co.za or abakwa-SEI1 +27 (0) 12 942 0038 info@seinvest.co.za
29	Izabelo zami zingafakwa ngqo ku-akhawunti yami yasebhange?	Uma kudalulwa izabelo, zizokhokhwa ku-akhawunti yakho yasebhange inqobo nje uma iphrofayili yakho njengomnimasheya ihambisana nemithetho ye-FICA.
30	Ubani okufanele ngikhulume naye mayelana neseluleko ngentela yamasheya ami noma yezabelo?	Umeluleki Wezezimali noma obonisana ngezentela ehhovisi lendawo lakwa-South African Revenue Service.
31	Uphela nini unyaka wezimali weNkampani?	Mhla zi-30 kuJuni
32	Imenyezelwa nini imiphumela yamabhuku ezimali acwangingiwe?	Imiphumela yamabhuku ezimali acwangingiwe imenyezelwa ezinyangeni eziyisithupha ezandulela ukuphela konyaka wezimali njengoba uMthetho Wezinkampani usho. Imiphumela yakamuva yamabhuku acwangingiwe yokuphela konyaka wezimali wamhla zi-30 kuJuni 2021 ikhishwe ngoDisemba 2021 futhi iyatholakala ku- www.seinvest.co.za/shareholders
33	Wawunini uMhlangano Jikelele Wonyaka (i-AGM) wokugcina? Unini uMhlangano Jikelele Wonyaka olandelayo ohleliwe?	UMhlangano Jikelele Wonyaka wokugcina wawubanjwe ngobuchwepheshe bamakhompuyutha mhla zi-26 kuNdasa 2021 ngenxa yemikhawulo ye-Covid-19. UMhlangano Jikelele Olandelayo uhlelelwe ukuba mhla zingama-22 kuNdasa 2022.
	Ngingabhalisela kanjani ukuvota ngoMhlangano Jikelele Wonyaka olandelayo?	Ngokuvumelana nezidingo zoMthetho Wezinkampani, isaziso soMhlangano Jikelele Wonyaka sizothunyelwa ngaphambi komhlangano futhi sizohlizeka imiyalelo yezindlela zokuvota. Abaninimasheya bangavota ngokushayela iSikhungo Sezingcingo sakwa-Singular, bathumele amafomu esisombululo asayiniwe ayingxenywe yesaziso ngombanimbiko noma bathumele imiphumela yabo ngaphambi

IMIBUZO EVAME UKUBUZWA – KWA-SELECTIVE EMPOWERMENT INVESTMENTS 1 LIMITED

		komhlangano. Kungenjalo, abaninimasheya bangakwazi ukuthamela uMhlangano Jikelele Wonyaka bavote kulo mhlangano, kungakhathalekile ukuthi kwenziwa ngobuchwepheshe bekhompuyutha noma mathupha.
34	Ngingayithola kuphi ikhophi yombiko wakamuva wonyaka we-SEI1?	Yonke imibiko yonyaka ingatholakala kusizindalwazi senkampani ku- www.seinvest.co.za /shareholders noma eNkundleni Ye-OTC Express. Amakhophi angamaphepha emibiko yonyaka angaposwa uma ecelwa.
35	Ngingakhetha kanjani ukuthola amakhophi angamaphepha okuxhumana nabaninimasheya?	Xhumana nehhovisi lakwa-SEI1 ku-012 942 0038 noma ngombanimbiko ku-: info@seinvest.co.za noma ushintshe indlela ofisa kuxhunywane nawe ngayo
36	Ngenzenjani uma ngithola ucingo engingalucelanga noma olusolisayo oluvela 'kumdayiseli'?	Thola imininingwane yomdayiseli, efaka kuyo nenombolo yakhe ye-FSP, ungamniki imininingwane yakho uqobo. Abasebenzi bakwa-Singular Financial Services kuphela abavunyelwe ukuxhumana nabaninimasheya akwa-SEI1 ezindabeni eziphathelele no-SEI1 kuphela.
37	Ngingakwazi yini ukunikela ngamasheya ami akwa-SEI1 emisebenzini yesihle?	Yebo, inqobo nje uma lokhu kuhambisana ne-MOI yakwa-SEI1 kanye nezinhlinzako zakwa-SARS ezihlobene nentela yeminikelo. Sikhuthaza abaninimasheya ukuthi badayise amasheya eNkundleni Ye-OTC Express ukuze bathole izimali ezinganikelwa ngokuqondile emisebenzini yesihle.
38	Ngingakwazi ukuboleka imali emasheyeni ami?	Cha, u-SEI1 akasiye umbolekisi wezimali obhalisiwe futhi akakwazi ukuboleka abaninimasheya imali. Kunalokho, izimali zidluliswa kuphela uma kuthengwa noma kudayiswa amasheya.
39	Ngiwahweba kanjani amasheya ami eNkundleni Ye-OTC Express?	Le mininingwane ifakwe kusizindalwazi senkampani futhi isatshalaliswe nangezinkundla zokuxhumana ezahlukahlukene. Abasebenzi besikhungo sezingcingo bangabasiza abaninimasheya kokunye.